

**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IBANGA LESISHUMI (GRADE 10)**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2020**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**



**OKUHLE KODWA !!!!!**

**Leli phapha linamakhasi ayi-6**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo (20)
2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphenidule umbuzo OWODWA esiqeshini A ,  
OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo  
lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:  
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80  
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40  
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni  
lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa,  
kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU: INDABA

### UMBUZO 1

1. Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube ngaphambi kwendaba ekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Isifo se-Covid-19. [50]
- 1.2 Mhla ngivakashele (visited) ezweni engilithandayo. [50]
- 1.3 Isikole sami. [50]
- 1.4 Umdlalo (match) engingasoze (never forget) ngawukhohlwa. [50]
- 1.5 Ebengikwenza ngesikhathi sikathaqa (lockdown). [50]

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso indaba. Nikeza indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Isithombe sicashunywe kugoogle.com]

1.6.2



[Isithombe sicashunywe kugoogle.com]

1.6.3



[Isithombe sicashunywe kugoogle.com]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## **ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

### **UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

#### **2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHEHWENI**

Ziningi izinto ezenzeke ngesikhathi nibuyela esikoleni emva kokuvalwa kwezikole isikhathi eside. Bhalela uMnu. Girvin, P.O. Box 1072, Hillcrest, 3650, umbonge (thank) noma ukhalaze (complain) ngendlela okwenzeke ngayo izinto uma senibuyela esikoleni. [30]

#### **2.2 UMLANDO NGOMUFI- (Obituary)**

Umalume wakho omdala ushone ngokukhulu ukuzuma ngezikhukhula (floods). Umalumekazi wakho ukucele ukuba umlekele abhale umlando wakhe oyofundwa ngosuku lomgcwabo. Bhala UMLANDO NGOMUFI. [30]

#### **2.3 INCWADI YOBUNGANI- (Friendly letter)**

Umngani wakho usebone kungcono asiyeke isikole emva kokuhlala ekhaya isikhathi eside. Mbhalele incwadi umkhuthaze (encourage) ukuba aqhubeke nesikole. [30]

#### **2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO- (Dialogue)**

Esikoleni kawenzanga kahle (failed term 3) njengoba kuphazamise ukuvalwa kwezikole isikhathi eside. Bhala INGXOXO phakathi kwakho nomzali umchazela ngembangela (cause) yokufeyila kwakho. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## **ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**

**3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

### **3.1 ISIKHANGISI**

Esikoleni sakho kuzobe kudayiswa Ukudla okunhlobonhlobo. Wena ubone kungcono ukuba ukukhangise ozobe ukudayisa ngalolo suku. Bhala ISIKHANGISO saloko ozobe ukudayisa. [20]

### **3.2 IPHOSIKHADI**

Emva kokuhlala isikhathi eside ungabonani nezihlobo zakho, nibone kufanele nivakashele izihlobo zenu ezihlala phesheya ngalawa maholide. Bhalela umngani wakho IPHOSIKHADI umxoxele ngebenikwenza nomndeni wakho. [20]

### **3.3 IDAYARI**

Emva kokuphumele kahle ngethemu 3, abazali bakho bakunike ilungelo lokuhlela iholide lezinsuku ezinhlanu nivakashele endaweni ethandwa nguwe. Bhala IDAYARI yalokhu enizobe nikwenza. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20  
AMAMAKI ESEWONKE: 100**